# Uthingo lwenkosazane lukaThando



Molteno

Izulu lalina lingakhawuli.

UThando wayevalelekile. Wayengeke aphume aye ukuyodlala.

Walunguza ngefasitela.

“Engabe lizona kuze kube nini?” ecabanga.



Ngosuku olulandelayo, izulu lalina futhi.

Amaxhaphozi aye lapha nalaphaya engadini.

Maduze ilanga labalela.

UThando wabona uthingo lwenkosazane esibhakabhakeni. Lwalungeve luluhle!



UThando wafaka amabhuzu akhe, waphuma wayodlala.

Wanyathela ixhaphozi.

Uthingo lwenkosazane lwavela emanzini. Lwalungeve luluhle!



Ngalobo busuku, uThando wayedlala ngamanzi ebhavini.

Wasondeza amagwebu ngasekukhanyeni.

Wabona uthingo lwenkosazane lukhanya emagwebini! Lwalungeve luluhle!



Ngosuku olulandelayo ilanga laliphumile futhi kushisa.

Umama noThando bavakashela ebhishi.

UThando wabutha amagobolondo ayesesihlabathini.

Elinye igobolondo lalinemibala yothingo lwenkosazane ngaphakathi. Lwalungeve luluhle!



UThando waguqa ezama ukuthatha igobolondo. Kepha igobolondo lamuka negagasi.

"Nami, ngiyalufuna olwami uthingo lwenkosazane," kucabanga uThando.



Uma uThando esefika ekhaya, wakhipha opende bakhe.

Wathatha iphepha elikhulu.

Wapenda uthingo lwenkosazane ngemibala eyisikhombisa elandelana kahle. Waqala ngombala obomvu, waphetha ngombala ovayolethi.



UThando wachoma isithombe odongeni.

Usenothingo lwenkosazane olungolwakhe manje.

Aluve luluhle!

